JW.ORG™
Zithathele yona le PDF engosini ethi www.jw.org/zu

“Ukulalela” Umculo Wolimi Lwezandla!

Ingabe uyakwazi ukucula?

Ungakwazi yini ukucula ingoma no. 41 ethi “Khonza UJehova Usemusha,” usebenzisa incwadi ethi *Hubelani UJehova?* Vula leyo ngoma eculweni lakho noma uzithathele yona engosini ethi jw.org/zu. (Bheka ngaphansi kwesithi IZINCWADI > IZINCWADI NEZINCWAJANA.) Amazwi aleyo ngoma akukhumbuza ukuba uhloniphe abazali bakho futhi ulalele uJehova uNkulunkulu.

Uyazi yini ukuthi abantu abayizithulu bacula kanjani?

Basebenzisa ulimi lwezandla. Bukela ingoma ethi “Khonza UJehova Usemusha” ngoLimi Lwezandla LwaseMelika engosini ethi jw.org/zu. (Bheka ngaphansi kwesithi IZINCWADI > ULIMI LWEZANDLA. Qiniseka ngokuthi ukhetha Ulimi Lwezandla LwaseMelika.) Zama ukubona ukuthi ungakwazi yini ukuqonda ezinye zezimpawu zokukhuluma abazisebenzisayo.

▶ **MANJE ZAMANI LOKHU:** Oyedwa makakhethe umBhalo awuthandayo emiBhalweni YamaKristu YesiGreki (Kusukela kuMathewu kuya kusAmbulo). Ufundeni ndawonye lowo mBhalo bese nicela omunye emkhayeni ukuba azame ‘ukuwufunda’ esebenzisa izimpawu njengasolimini lwezandla. Ekugcineni, bhekani ukuthi lowo mBhalo ufundwa kanjani ngoLimi Lwezandla LwaseMelika engosini ethi jw.org/zu. (Bhekani ngaphansi kwesithi IZINCWADI > ULIMI LWEZANDLA. Qinisekani ngokuthi nikhetha uLimi Lwezandla LwaseMelika.) Ningakwazi yini ukuhambisana nalokho kufundwa?

www.jw.org/zu © 2013 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania